**EVANGELICAL LUTHERAN CHURCH IN SOUTHERN AFRICA**

**SOUTH - EASTERN DIOCESE**

**UMVOTI CIRCUIT**

**P.O. Box 46, Perseverance, Hermannsburg, 3258, 0818787126 , 0719281589, Email address: dumakudemdu@yahoo.com**

**Website (www.elcsaumvoti.wordpress)**

---

2021\03\22

Circular NO.3

**Iya : KubaPhathizifunda, Umkhandlu weSekethe, Imikhandlu yezifunda, amalungu onke eSekethe laseMvoti.**

**ISELULEKO NGEZINKONZO ZEPHASIKA**

Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini yethu UJesu Kristu Amen. Ngithanda ukunibingelela ngezwi elitholakala kwabaseKorinte 15:26 "Isitha sokugcina esiyakuchithwa singukufa" Makabongwe uSimakade ngokuthumela iNdodana yakhe uJesu Kristu ukuba ngokufa kwakhe esiphambanweni, nangokuvuka kwakhe kwabafileyo asinqobele ukufa. Noma ingasibulala I covid 19 kodwa kuyajabulisa ukuthi thina esikholwayo sikunqobile ukufa ngoJesu. Uthi uJesu okholwa yimi noma efa wophila. Kuyiqiniso ukuthi uvalo lokufa luyasengamela, kodwa sinalelithemba esinalo ngoJesu iNkosi yethu.

Kuyiqiniso ukuthi I covid isekhona Phakathi kwethu futhi iyabulala. Izigi zehlandla lesithathu seziyaqala ukungenisa ezweni lakithi. Izibalo seziyaqala ukukhuphuka zabahaqwa igciwane. Ngicela simethembe uNkulunkulu nakulesisimo. Emhlanganweni we Circuit Council obuhlangene eKranskop mhlaka 20\03\2021 kube neseluleko esikhishwa umkhandlu maqondana nezinkonzo zePhasika njengokuthi siqaphele singabeki izimpilo zabantu enqcupheni. Nokhoke ngithanda ukwengeza ngokweluleka isekethe maqondana naleliPhasika. Kungangcono izifunda uma zihlangana ziqaphele izinombolo ukuthi ziyahambisana yini ne covid. Kungangcono futhi ukuba singalali kuleliphasika, abantu mabeze enkozweni usuku nosuku babuyele emakhaya. Mhlawumbe zingancishiswa izinsuku zokuhlangana uma ukuya emakhaya njalo ngosuku kungaba inkinga. Nakuba ngingenqume ukuthi ngithi akwenziwenjani ezifundeni, kodwa ngicela izifunda zingabeki izimpilo zabantu engcupheni. Lokho enikuhlelayo makuhambisane nesimo esibhekene naso. Kubukeka sengathi ukulala ndawonye, nokubamba izimvuselelo kuze kuse kungaba inkinga ukukwenza kulesisikhathi.
Ngithanda ukukubeka ezandleni zenu ukuba nibone ukuthi ningalihlela kanjani iphasika ukuba libe ngeliphephile futhi eliyisibusiso kithina.

Inkosi inibusise

[signature]

Dean S.M. Dumakude

**ELC UMVOTI CIRCUIT**
**P.O. BOX 46**
**HERMANSBURG 3258**
**033-445 0744**